(CIB pdf formfields Demoversion)

Iwasuk' uhambo
uGenesisi 12 no 13

(Nalo mlando okuxoxwa ngawolapha wenzeka kwelaseMesophothamya, kweliphakathikwemifula emibili - iThigris neEfratha. UAbhram wayakhé nomndeni wakhe wonke eHaran, enhla nemifula yomibili; uSarayi umkakhe engenamntwana):

Usethi ke uNkulunkulu kuAbhram: „Shiya phansi umndeni nabozalo bonke, uphume kwelakini – kweloyihlomkhulu -, uye kwelikude, engiyokukhombisa lona. Ngizimisele lukhulu ngawe: Ùyoba nguyise wesikhulu isizwe lesi engiyosiphemba ngawe. Liyoduma umhlaba wonkeigama lakho. Ofisela omunye okuhle uyofanekisa alinganise ngawe. Ngiyomphatha kahle ophatha wena kahle, ngimehlisele okubi ohlupha wena nokuzondayo. Izizwe zonke zomhlaba ziyobusiseka ngawe!"

Wayeseniminyaka engamashumi ayisikhombisa nesihlanu uAbhram ngenkathi ethutha elishiya elakubo njengokujutshwa kwakhe yiNkosi. Umkakhe uSarayi kanye noLothi, indodana yomnewabo, bahambisana naye. Bathatha konke okwakungokwabo, nezisebenzi nezigqili abase bezizuzé ekuhlaleni kwabo kwelaseHaran; balibhekisa eKhenani – kwelaMaKhenanai. Balithunga lonke, bathubeleza baye bayoshaya esihlahlenikazi esasikhonthanyelwa sikhonzwa eSkhemu.

Useziveza ke futhi uSmakade kuAbhram, ethi: „Lonke leli ngilabela izizukulwane zakho!" Wathatha isikhonkwane uAbhram, wasibethela, wakhela uSmakade ialthari – iziko easeqokwethulelwa kulo imihlattshelo – kuleli shashalazi azivezé kulo kuye.

Wayemi kahle uAbhram. Imfuyo ibulal' inyoka, isiliva negolide kungaqedwa. NoLothi ayehambisana naye wayefuyile; izinkhonzi nezinceku zakhe zingablwa. Amadlelo ke agciné engasenela ukonkdla imfuyo yabo bobabili. Kwacaca ke manje ukuthi kufanele behlukane. Kanti ke belukwakungakhé bona nodwa kule lizwe: amaKhenani, namaPhhelisitha ayekade azakhela nawo kiudala lapho.

Emva kokuba sekuké kwaphindwa kwahiliziswana emadlelweni, uAbhram wayesethi kumfana womnewabo: „ayiphele ingxabano phakathi kwethu naphakathi kwabaseluselayo; siyinzlao yamuntu munye! Izwe libanzi; thath' eyakho ngithath' eyami! Uma uphuma ubheka le, ngizosuka ngibbheke le; uma uya ngapha, ngiye ngale!"

Wathalaza, wabhekisisa nxazonke uLothi; wagcina eboné ukuthiethafeni eligudlé iJoldani umhlaba unothile namadlelo mahle kuze kuyoshaya eZowa. Ngaphambi kokuba libhujiswe phela elaseGomora lalinomnotho lilihle lifuze amathafa omfula iNil – kuyiphaladisi! Ulothi waziqokela ke amathafa eJoldani; behlukana kanjalo ke noyise omncane. Wazisalela eKhenani uAabhram; waqhubekela empumalanga uLothi, phesheya kweJoldani, waze wafika eSodoma. Zazingaziphethe kahle izakhamuzi zakhona; wayengaculisekile ngazo uSmakade.

(CIB pdf formfields Demoversion)